546 16th Road, Constantia Park
Block 2, 1st Floor, Randjespark1682

Tel : 011 026 2560
Cell : 079 614 8298 | 079 569 5277
Fax : 086 685 9567

Email : admin@scprojects.co.za
Website: www.scprojects.co.za

Reg No. 2014/201351/07

Irifarensi Yethu: 04_0226C_Eskom Impala
Irifarensi Yakho:
Usuku: 09 Mashi 2026

**ZINHLAKA ZIKAHULUMENI**

**RE: INQUBO YOKUHLOLA EYISISEKELO, UHLELO LOKULAWULWA KOKULUNGISA NESICELO SELAYISENSI YOKUSETSHENZISWA KWAMANZI EKWAKHIWENI KWENTAMBO KAGESI YESIKHASHANA IMPALA ZIRCON TEMPORARY BY-PASS 132KV POWERLINE KANYE NENGQALASIZINDA EHLOBENE NAYO KANYE NOKULUNGISWA KWENTAMBO KAGESI EYINHLOKO IMPALA ZIRCON 132KV MAIN POWERLINE EKHONA KUMASIPALA WASEMHLATHUZE KWAZULU-NATALI.**

U-Eskom SOC Limited (umfaki sicelo) uhlose uKulungisa Nokuthuthukisa intambo kagesi Impala Zircon 132kV Powerline ephakela ugesi amakhasimende abalelwa ku-6062; kodwa-ke, ngenxa yokuthi iseduze nogu lolwandle, le ntambo iwohlozwa umswakamo futhi iyonakala. Ngakho-ke, umfaki sicelo uhlongoza ukwakha iNtambo Kagesi yesikhashana engu-6.01 km i-132kV Bypass Powerline esebenzisa izigxobo okuthiwa i-Triple Wooden Pole Structures, ezizosetshenziswa iminyaka emithathu ukuze kube nethuba lokulungisa nokuthuthukisa iNtambo Kagesi Eyinhloko. Le ntambo yesikhashana izohamba iqondane nentambo eyinhloko ekhona, zihlukaniswe cishe u-15m futhi ziwele uMfula uMhlathuze.

Indlela eya kule Ntambo Yesikhashana neNtambo Kagesi Eyinhloko ihamba eMgwaqweni u-N2 no-R34. Ama-*coordinates* asesayithini yilawa:

Ithebula 1:

| ISIMO SEPHROJEKTHI | AMA-*CO-ORDINATES* |
|---|---|
| Intambo Kagesi Yesikhashana | **Lapho Iqala Khona:** 28°49'10.68" S 31°57'08.14" E<br>**Phakathi Nendawo:** 28°47'49.89" S 31°55'59.54" E<br>**Lapho iphela khona:** 28°46'22.34" S 31°56'27.22" E |
| Intambo Kagesi Eyinhloko | **Lapho Iqala Khona:** 28°50'43.00" S 31°55'49.28" E<br>**Phakathi Nendawo:** 28°48'13.80" S 31°56'20.81" E<br>**Lapho iphela khona:** 28°46'05.25" S 31°56'43.18" E |

Loku kwakhiwa okuhlongozwayo kudinga iSigunyazo Sezemvelo (EA) ngokuvumelana noMthetho Wokulawulwa Kwezemvelo Kuzwelonke, ka-1998 (i-NEMA) (uMthetho No. 107 ka-1998). Lokhu kungenxa yemisebenzi ezodinga ukuqaliswa eSazisweni Sokusohlwini 1 no-3 ngaphansi kweZiqondiso Zokuhlolwa Komthelela Kwezemvelo (EIA), 2014 (njengoba zichitshiyelwe). Ngakho-ke, kuzolandelwa inqubo yoKuhlolwa Okuyisisekelo.

Ngaphezu kwalokho, kuzokwenziwa uHlelo Lokulawulwa Kokulungisa (Maintenance Management Plan [MMP]) oluqondene noKulungiswa Nokuthuthukiswa kweNtambo Kagesi Eyinhloko Ekhona. I-MMP izokwenziwa ngokuvumelana neZiqondiso Ze-EIA, zika-2014 (njengoba zichitshiyelwe) ezethulwe ngaphansi koMthetho Wokulawulwa Kwezemvelo Kuzwelonke, 1998 (uMthetho No. 107 ka-1998), ngokuqondile ukuze kuhlangatshezwane nezimfuneko zeSigaba 28 se-NEMA, esihlobene nomthwalo wokunakekela nokulungisa.

SELAHLE CONSULTANCY & PROJECTS
Reg No. 2014/201351/07

546 16th Road, Constantia Park
Block 2, 1st Floor, Randjespark1682

Tel : 011 026 2560
Cell : 079 614 8298 | 079 569 5277
Fax : 086 685 9567

Email : admin@scprojects.co.za
Website: www.scprojects.co.za

Okokugcina, kudingeka iSicelo Selayisensi Yokusetshenziswa Kwamanzi (WULA) ngoba lokhu okuzokwenziwa kudinga iSigaba 21 soMthetho Wamanzi Kazwelonke, ka-1998 (uMthetho No. 36 ka-1998) (NWA) kanye neZiqondiso Zokufakwa Kwezikhalazo ezihlobene nawo, zika-2017 (njengoba zichitshiyelwe).

Ithebula 2 ngezansi libonisa imisebenzi ezodingeka ngenxa yale phrojekthi ehlongozwayo, kanye namagunya afanele azocubungula izicelo:

Ithebula 2:

| **Isicelo Esidingekayo** | **Isigunyazo Sezemvelo** | **UHlelo Lokulawulwa Kokulungisa** | **Ilayisensi Yokusetshenziswa Kwamanzi** |
|---|---|---|---|
| Igunya Elifanele | UMnyango Wezamahlathi, Ezokudoba Nezemvelo | UMnyango Wezamahlathi, Ezokudoba Nezemvelo | UMnyango Wezamanzi Nezokuthuthwa Kwendle |
| Imisebenzi Eqaliswayo | ISaziso SikaHulumeni No. 327 sika-2017(njengoba sichitshiyelwe) | ISaziso SikaHulumeni No. 324 sika-2017(njengoba sichitshiyelwe) | UMthetho Wamanzi Kuzwelonke (UMthetho No. 36 ka-1998) |
| | ISaziso Sokusohlwini 1: Umsebenzi 19 | ISaziso Sokusohlwini 3: Umsebenzi 12 & Nomsebenzi 14 | ISigaba 21 (c) & (i) |
| | ISaziso SikaHulumeni No. 324 sika-2017 (njengoba sichitshiyelwe) | | |
| | ISaziso Sokusohlwini 3: Umsebenzi – 12 & Nomsebenzi – 14 | | |

Ngokuvumelana neSiqondiso 19(1), 40 kuya ku-44 seZiqondiso Ze-EIA (2014) njengoba zichitshiyelwe, neSigaba 41(1)(a) soMthetho Wamanzi Kuzwelonke, 1998 (uMthetho no. 36 ka-1998), le ncwadi iveza izinqubo zezicelo ezishiwo kulabo aBanesasasa Nabathintekayo futhi iyakumema ukuba ubambe iqhaza kule phrojekthi ehlongozwayo kanye nakwiNqubo Yokubamba Iqhaza Komphakathi (PPP) ezokwenziwa njengengxenye yenqubo yoKuhlolwa Okuyisisekelo (BA), uHlelo Lokulawulwa Kokulungisa (MMP) neSicelo Selayisensi Yokusetshenziswa Kwamanzi (WULA).

Kuvulwa ithuba kulabo **aBanesasa Nabathintekayo (ama-I&AP)**, **aBabambiqhaza**, **aBanikazi Bomhlaba,** kanye **neZinhlaka ZikaHulumeni** ukuba babhalise ngokusemthethweni njengaBanesasasa Nabathintekayo futhi bahambise izimvo ezibhaliwe mayelana nezicelo ezihlongozwayo.

Uma ufisa ukuthumela izimvo mayelana neNcwadi Yolwazi Oluyisendlalelo eyenezelwe lapha, i-Selahle Consultancy & Projects (Pty) Ltd inxusa ukuba lezo zimvo ezibhaliwe zifike kithi lungakedluli **uLwesibili, mhla ka-7 Ephreli 2026.** Skena i-QR code ukuze uthole ulwazi olwengezi mayelana nalezi zicelo ezingenhla.

Ozithobayo

Shonisani Selahle
Ikhonsalithenti Yezemvelo
EAPASA Registered EAP Reg No: 2020/2646
SACNASP Pr. Sci. Nat: 143271
**Okufak. Incwadi Yolwazi Oluyisendlalelo**

Board of Director(s); Mr. F Selahle, Ms. S Selahle